IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

52/2014 Intshumayelo ngesonto 18 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 19. 10. 2014

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe kuJoh. 4:21, lithi: **"Yebo, lomyalo sinawo, uvela kuNkulunkulu, wokuthi othanda uNklunkulu makathande nomzalwane wakhe."**

1. Iculo 214/146, noma -/158

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba osezulwini, siyabonga, ngoba nanamuhla usasimemela ezwini lakho, futhi usasivumele ukulizwa nokukhulunywa liphathwe phakathi kwethu. Sesiyacela ukuba usiphe uMoya wakho, siqonde intando yakho ofuna ukusisiza ngayo enguJesu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe kuEkesodu 20:1-17;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 14:17-19;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Marku 12:28-34.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 278/137

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Iphistola ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kwabase-Efesu 5: 15-21, lithi: "Ngakho-ke bhekisisani ukuthi nihamba kanjani, kungabi-njengabangahlakaniphile kepha njengabahlakaniphileyo, nithengisise isikhathi, ngokuba izinsuku zimbi. Ngakho-ke ningabi-yiziwula, kodwa qondani okuyintando yeNkosi. Ningadakwa yiwayini, kuvela kulo umhumheko, kodwa nigcwaliswe ngoMoya, niphendulane ngamahubo nangezihlabelelo nangamaculo okomoya, nihlabelele, nihubele iNkosi enhliziyweni yenu, nimbonge njalo uNkulunkulu uYise ngakho konke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu, nithobelane ngokumesaba uKristu." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, izwi likaNkulunkulu njalo, uma likhuluma nathi, lithanda ukusitshela kahle ngento eliyikhuzayo, kuchache, likubeke ngezinhlangothi ezimbili lokho elikhuluma ngakho. Kanti nje nasenkulumeni yethu yesintu

siyaye sikhulume kanjalo, sithi: Lendlela akuhanjwa ngayo, ngoba inamabhubhesi, inengozi, lendlela kuyahanjwa ngayo, ngoba alukho olulimazayo kuyo, kutholakala okuhle kuyo. Kanjalo nasentandweni kaNkulunkulu. Sizwa kubili. Uma sibheka imiyalo yonke eyishumi, sizofunda okubili ukuthi: UNkulunkulu walani ngalomyalelo na? nokuthi: UNkulunkulu uthi asenzeni ngalomyalelo na? Kanjalo nakulesisiyalezelo sethu sanamuhla. Umphosotli uPawulu usifundisa ngentando yeNkosi. Intando yeNkosi yilokhu ekuthandayo nekubekile kithi nekubhekile ukuba sikugcine sikwenze. Izwi lephistola lethu esizofunda ngalo lithi: **Qondani okuyintando yeNkosi!**

1. Nithengisise isikhathi!

2. Nigcwaliswe ngoMoya!

1. Qondani okuyintando yeNkosi, **nithengisise isikhathi!** Singabuza sithi: Yini okuyintando yeNkosi na? Impendulo yokuqala ithi: Ukuthengisisa isikhathi. Izwi elithi: Sithengisise isikhathi, kungenzeka ukuba lingezwakali kahle kwabanye, ngoba ngempela isikhathi singathengwa yini, nini, kanjani? Yebo phela, singasho ukuthi ngokwenza okuhle sithengisisa isikhathi. Kodwa ngokwempela ngesiZulu esizwakalayo siqaphelisise, noma sibhekisise, sisebenzise isikhathi ngokuyikho esiphila kuso. Uma lithi: Nithengisise isikhathi, liqonde ukusitshela kahle ukuthi asilinganise esiphila kuso ekuhambeni konke sihambe ngokufanele njengabahlakaniphileyo. Sihamba kanjani singengabahlankaniphileyo na? Noma sihambisa okweziwula? Siyayiqaphela intando kaNkulunkulu, noma siyishaya indiva na?

Kuphawulwa lapha iwayini. Ayi, ngokuba liyisiphuzo esiphambili ngokudakwa noma liyisono kakhulu lona, cha akunjalo. Kodwa ngoba kwakuluphuzo olwejayelekile, babehlushwa yilo abantu ngesikhathi somphostoli. Ngakho bakhuzwa kulento eyabahlupha kulesosikhathi kuthiwa abasithengisise bangadakwa. Esikhathini sethu kunjani, makholwa? Uma sisilinganisa nesomphostoli kwendlulele kwesethu sinamahloni nawokukhuluma. Yena ubala isiphuzo sinye nje esilimaza nesiyingozi kubantu.

Thina uma singazibala ngamagama azo singagcwalisa amabhuku amakhulu. Iziphuzo ezilimazyo ogwavini, isiqathe, inkwishi, ufuqani, ugologo, imbamba, isigomfane, awu? Ezindaweni zokuma amabhasi uyamangala amabhodlela, amakhathoni, utshwadlana obusemabhikilaneni, amaphepha okuthiwa ijuba nembali, lapho kwamiwa khona ubona ngakho kubomvu, kumhlophe osekuphelile kulahliwe, wewu! Isikhathi sethu sibi kakhulu, asisiqaphele! Kwakungcono kakhulu ngesikhathi somphostoli, kwakungcono futhi kokhokho,

ngoba babuphuzwa ngezinkamba, bungekho obungena emakhukhwini, uyobuphuza kwenye indawo, uma sebuphelile obusegazini azivuselele ngabo, umangale uhlangane nomuntu ekuseni abunamisi lapho kuvaliwe futhi ezindaweni zokudayisa, kodwa athole edakwe, umangale nje, ngoba akusiye owalapha nalapha, uqambe uyamendlula, usuyakubona lokhu okumlimazile usekulahlile okwebhikilana, sekuphelile nakhu laphaya. Wo! wafa umuntu waphela, ubulawa yimbamba!

Ukudakwa kuyisono esibi, ngoba kuguqula isimo noloya lomuntu, kudla ingqondo. Kanti futhi sonke isono sithola ithuba ukubusa kumuntu ngenxa yokudakwa. Umuntu uphenduka isilwane, uma edakiwe, lesisono esibizwa lapha ngokuthi umhumheko, sizalwa yikho ukudakwa, yiziphuzo ezihlasela ingqondo, bese kuvela ukungazibambi nokubatshwa kwenhliziyo negazi, iphokophele kwekuthandayo izidide ngesibindi sokudakwa yenze okungasile. Lokho kuphambene nentando yeNkosi, akusiyo intando yayo.

2. Qondani okuyintando yeNkosi, **nigcwaliswe ngoMoya!** Cha, ukugcwaliswa yiziphuzo nokunye okunciphisa inzuzo kaKristu, kodwa ukugcwaliswa nguMoya. Izwi lethu lithi: Niphendulane ngamahubo nangezihlabelelo namaculo okomoya. Uma sigcwaliswe nguMoya kuzovela isithelo sakhe uMoya, sokuba siphendulane ngamahubo nangezihlabelelo, okusho ukuthi ngezwi likaNkulunkulu. Uma silibheka lona, akukho neyodwa nje indawo lapho liphakamisa khona umuntu noma isizwe esithile, kodwa bonke bababeka phansi kobuze obukhulu, bayizoni ezimpofu nezimelwe ukulahlwa impela, kuphela zingaphumelela ngokugcwaliswa nguMoya, azikhanyisele ziwubone umusa osegazini leMvana kaNkulunkulu, bese ziphendulane, zifundisane ngezwi leNkosi, kubuse lona kithi siliqonde.

Lingumyalo weNkosi, intando yayo isibili. Ngempela, siyagcwaliswa nguMoya, siyaphendulana ngezwi na? Pho, kuvela-phi ubuzwe nebala ebandleni nasekerikeni kuvela-phi ukukhuphuluza iziphakamiso zekerike lesizwe, kuvela-phi ezombangazwe ekerikeni na? Sifanele ukuphendulana nabezwe sibaluleke, kodwa singangeni embangweni wezezwe. Thina makristu sifunde ukuthobelana, ngoba uJesu usho kahle ukuthi: Umbuso wami awusiwo walelizwe. Okuyintando kaNkulunkulu ukuba siphenduke, sisindiswe ngokuvuma izono zethu, sizisole. Namuhla nje, ake size kuJesu nezono zethu zonke zokudakwa, nezokuba namahloni ekuphendulaneni, nezobuvila ekufundeni izwi nasekufakazeni iqiniso, sehlukane nakho konke lokho, singcweliswe ngokugcwaliswa nguMoya, sikholwe intethelelo egameni likaJesu. Yilo ithuba lakho nelami, njengoba uzwa lelizwi. Yiyo intando yeNkosi: Ukuya kuJesu, sifune usizo kuye, sibheke yena, sibize yena kuzo zonke izidingo zethu nakubo bonke ubuswezi bethu,

siye kuye, sibize yena nje, ngoba liyiqiniso elimi njalo elithi: Lokhu kuyintando kaBaba, ukuba yilowo nalowo obona iNdodana akholwe yiyo, abe nokuphila okuphakade.

UNkulunkulu akasisize agcwalise izinhliziyo zethu, size sibone uthando lukaYise, simbonge yena ngomusa wakhe egameni leNdodana yakhe uJesu Kristu, yebo, sithobelane omunye nomunye ngokwesaba yena, yebo, kubuse yena ekerikeni lakithi, kubuse yena ekerikeni lomhlaba wonke, yebo, izizwe zonke zithobelane ngokwesaba yena uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu, nokukholwa nguye, nokumethanda, nokumethemba. Amen.

9. Umkhuleko: Baba osezulwini, siyabonga ngezwi lakho osusiphile lona. Sesiyacela kuwe thina ziwula zezono ukuba usihlakaniphise ngeNdodana yakho eyintando yakho, siwubonge njalo umusa wakho. Silondolozele njalo izwi lakho elingcwele, uthume njalo izisebenzi ezilungileyo emsebenzini wakho, ukuba bashumayele izwi lakho ngokuqonda nangeqiniso. Futhi bahambe ngokulunga phambi kwebandla lakho, Vimba ngomusa bonke abaphathayo intshumayelo yamanga, bangadukisi ibandla lethu. Busisa ikholishi lakithi laseTshwane (lasePitoli), khanyisa abafundisayo nabafundayo khona. Ukuvuna kwakho kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana. Ake uthume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwakho. Qhuba izwi lakho emazweni onke, kukhule umbuso wakho, kuchitheke umbuso kaSathane, ubuye wena, Nkosi, ukwahlulela abahambayo nabafileyo. Yenza konke lokhu ngomusa wakho okhona njalo-njalo, kuze kube phakade. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 142/125

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1974/2002/2008/2014 ngu-N. A. Ntuli.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.